



PARLIAMENT  
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

- **Imfucuza Yamakhemikhali**  
Amakhemikhali abekwa endaweni yamakhemikhali ekhiywayo ukuvimbela ukusetshenzizwa okungagunyaziwe. Amakhemikhali onke kufanele abekwe eziqukathini ezikhoxisiwe, nezimumathi ezincane zamakhemikhali anobungozi kufanele zilebulwe ngokuyikho.
- **Amasilinda eGesi acindezelwe**  
Umhlinzeki ngezinsiza ukhipa ngokushesha amasilinda angasadingeki emagcekeni futhi aqinisekise ukuthi amasilinda ayalahlwa njengokwezimfuno zomthetho, ukuvimbela ukuphinde asetshenziswe ngengozi.

## Okusazokwenziwa

- **Ukulahlwa kowoyela wokupheka**  
IPhalamende lisohlelweni lokuthola iziqukathi zokwenza kabusha uwoyela wokupheka okungaguqula uwoyela wokupheka olahliwe ube wudizeli.Lomkhuba wokulahla uwoyela wokupheka emiseleni yamanzi emvula ayikhuthazwa.
- **Ukususwa kweMfucuza yephepha nokwenziwa kabusha**  
IPhalamende lifuna Umniki zinsiza omusha ozosusa imfucuza yephepha uku yensiwe kabusha.Amahhovisi onke ePhalamende azonikwa amakhadibodi amabhokisi okuqoqa imfucuza yephepha. Lamabhokisi azothululwa masonto onke.

Konke okwenziwayo ukuvikela indalo, kulondoloza amandla kagesi futhi kunciphisa izibalo zemfucuza. Kuyisibopho sazononke izakhamizi zase Ningizimu Afrika,okufaka onke amaLungu nezisebenzi zasePhalamende ukulondoloza indalo yethu ukuhlinzeka izizukulwane ezizayo noku thuthukisela phambili isiko lentuthuko eqhubekayo.



Produced by the Public Education Office • Parliamentary Communication Services  
*INSPIRED BY PEOPLE*

[www.parliament.gov.za](http://www.parliament.gov.za) • P.O. Box 15, Cape Town, 8000  
Telephone: (021) 403 3341 • Facsimile: (021) 403 3303



Iphalamende  
linikeza imvume...



IPhalamende laseNingizimu Afrika lisungule Inqubomgomu Yokwengamela Imfucuza njengohlelo oluhlangene lokwengamela ngempumelelo indawo yokusebenzela ephephile.

UMthethosisekelo ubalula ukuthi abantu base Ningizimu Afrika banelungelo lendawo engenabungozi empilweni yabo noma kwinhhlakahle yabo. Lokhu kuhlanganisa ukuvikaleka kwemvelo okufaka phakathi imithetho nezinhlelo eziqondakalayo.ukuvikela ukungcoliswa nokuthathelwa phansi kokulahlaza, ukuqhubeleka phambili ukongiwa, nokulondoloza intuthuko eqhubekela phambili. Singaguqla omunye umonakalo owenzeka onozungezilanga bethu uma sonke senza okuthile ukuze senze umehluko.

IPhalamende libophezele ukuqinisekisa impilo nokuphepha kwawo onke amalungu nezisebenzi zasePhalamende nabobonke abantu abasebenza ngokusemthethweni noma abangena emagcekeni alo. Isikhungo sizinikele ekugcineni amageke ePhalamende esesimweni esihle ukuhlinzeka indawo yokusebenzela ephephile nenempilo, nokwengamela nokubhekelela izingozi emsebenzini.

## Indima nezibopho zephalamende ekugcineni imvelo iluhlaza

Umthetho, Obhekelela Ezempilo Nokuphepha Emsebenzini (OHSA) ubophezela iPhalamende ukuthi lihlinzeke futhi ligcine ngokufanele okuqondakalayo nokunokwenzeka , indawo yokusebenza ephephile futhi engenabungozi nokuzifaka engozini empilweni yezisebenzi zalo. Kunethemba lokuthi abasebenzi babambisane nomqashi ukuqinisekisa ukuthi kuyafinyelelwu kwizimfuno zomthetho. IPhalamende lisibopho sokusungula ukuwashisa phakathi kwazo zonke izisebenzi mayelana nokubaluleka kokugcinwa kwemvelo kanye nendima ehambisana nezibopho

## Izinyathelo nezinquo

IPhalamende lisungule uhlelo olubumbene ukwengamela indawo yokusebenzela enempumelelo nephephile, okufaka phakathi ukusungulwa kwenqubomgomu yokulawula imfucuza.

Inhlosa yalenqubomgomu ukuhlinzeka uhlaka olufanele olufinyelelekayo,nokwethulwa kwezinkonzo zomphakathi okusimeme

ezisebenzini nasemphakathini emagcekeni ePhalamende. Inqubomgomu ihlose ukuqinisekisa ukulahlwa kwemfucuza okuphephile ukunciphisa ukungcoliswa, ukukhuphula ukuguqula kabusha nokuqiniseka ukuthi imfucuza eyenzeka ePhalamende iphethwe ngendlela ehambisana nemihlahlandlela equkethwe kuyo.

## Ukongiwa kwamandla kagesi

IPhalamende lihubekisela phambili ukusetshenziswa amalambu kagesi onga amandla kagesi ukwenzela ukunciphisa ukungcoliswa, ukonga amandla kagesi nentengo. Amalambu kagesi okonga ugesi asetshenziswa ukukhanyisa kuzozonke izindawo zomphakathi nasemihubheni yasePhalamende

## Ukuphathwa kwemfucuza

“Imfucuza” isho noma iyiphi into, kungaba okuyigesi, okuluketshezi noma okuqinile noma yikuphi okuyinhlanganisela yalokho , njengokukhethwa uNgqongqoshe Wezemvelo Nokuvakashu nezikathathi ngezikathathi. Nangokwazisa kwiGazethi kaHulumeni.

## Ukuphathwa Kwemfucuza Eqinile

- Imfucuza Eyomile**  
Imfucuza eyomile iqoqwa nsukuzonke emapulasitikini abonakalisa okungaphakathi naseziqkathini ukusuka kuzozonke izindawo bese ihanjiswa endaweni egunyaziwe yokulahla imfucuza.
- Imfucuza Yezikhungo zezemphilo**  
Imfucuza yezikhungo zezemphilo ifakwa emapulasitikini asezingeni elibekiwe (aphuzi) bese isuswa njalo umniki zinsiza okontilakiwe noma uma kunesidindo.
- Imfucuza kagesi**  
Onke amashubhu e-florescent anagsasebenzi ahanjiswa endaweni yokuwagaya ukuze aphihlizwe ngokuphephile.

## Imfucuza Emanzi

Imfucuza emanzi ifakwa eziqkathini/emigqomeni esezingeni elibekiwe bese isuswa njalo.